OKUSHA KUKA NEIL KEENAN | KWENZIWE KABUSHA: U Obama uyaphuma / I Cabal iyanikezela / Ukukalwa kabusha kwezimali kuyaqhubeka

http://neilkeenan.com/neil-keenan-update-updated-obama-out-cabal-surrender-currency-revaluation-in-progress/

MAY 8, 2016

UNeil ushilo ekubhaleni kwakhe okwedlule ukuthi "kunovukelo mmbuso olwenzakalayo"

Owulizwa iphunga lwalo? Luyashesha!

Izincwadi zomlando azisho ukuthi impi yomhlaba yesithathu yaphela ngo 8:59:59 pm ngo April 30 2016!

Iminyaka engamashumi amabili lempi yomshoshaphansi ibiqhubeka, ekugcineni isifike ekupheleni ngalolusuku olungenhla. Lempi ingabonakala sengathi ayiphelile, ngoba kusenamalungu e Cabal angafuni ukudedela izikhali zawo, kodwa empeleni isiphelile.

Umphumela walokhu kufanele kube sesiphephe kangcono kunakuqala.

Izindaba osuzozithola zisemqoka futhi ziphathelene nalokhu, futhi zinokuqiniseka, njengoba abase US abasebenza ngomnotho bakhulume ngendlela eyenza u Neil amemezele lokhu.

Ngempela indaba iphume ku Dragon Family, uNeil ayethembayo, kodwa bekukuye uNeil ukuqiniseka ukuthi kufanele anihlephulele kulemfihlo ngaphambi kokuba imbuleke. Ngamanye amazwi akafuni nisale ngaphandle kulokhu. U Neil akathinteki kulokhu ngoba akanayo lemali ezoshintshwa, ngakhoke uzama ukusiza labo abanayo.

Eminyakeni eyisikhombisa eyedlule u Neil Keenan ne Dragon Family babengahlukani, ezinkingeni eziningi ababehlangabezana nazo. IDragon Family ibone u Neil edlula “ezinkingeni ezimbi” ukuze abe lapha ekhona namuhla.

Ngale kokulahlekelwa yimali (FRNs) nama Bond entshotshwa (asazobuyiselwa nganoma iyiphi indlela) entshotshwa ngu Daniel Del Bosco, uNeil ne Dragon Family sebehlangene ngaphezulu kwakuqala. uNeil wenza isivumelwano, waqhubeka waphila naso nakuba l Dragon Family yayingakholwa ukuthi kukhona umuntu ongaphumelela ukwenza lomsebenzi adlule ezivimbelweni ezingaka ezibekwa ama Globalist ezama ukumvala ekwenzeni lomsebenzi. Umndeni umshayela izandla u Neil ngalesisimemezelo futhi bebabaza igalelo lakhe. Empeleni bayayithanda indlela yakhe yokuphikelela!

Abanye lokhu bangakubiza nge “nhlanhla yom Irish” ukuthi uNeil usaphila, kodwa abantu abaningi abaphathelene nayoyonke lento, abakwazi konke okukade kwenzeka sonke lesisikhathi, abazi noma bangathini ngalokhu. Basamangele. U Neil wethembisa futhi wasigcina isethembiso nakuba kwakunezingqinamba endleleni yakhe, ikona lokhu okumangalisa umndeni.

U Neil akaze ahlale phansi e hhovisi amukele izingcingo ezivela kwabeza nezindaba abagcina bebulalisa nokuhlanyisa, kodwa wayelokhu ezibambela ehlofuza emahlathini amabi ase Asia ukuzitholela ayekufuna.

Okulandelayo, amehlo akulokhu okulandelayo, izindaba ezimangalisayo uNeil afuna ukunitshela zona, njengoba kuyinto yogcobo nesipho kuyena. Umndeni uthande ukukhombisa ukubonga uNeil neqembu lakhe ngokumvezela i “History Breaking News” ozoyithola ingakholakali.

Empeleni, uNeil ukwenze kwasobala ukuthi usebone kakhulu izinto zishintshashintsha ngangokuba akasazi okufanele akukholwe.

Kodwa lokhu izindaba ezinkulu kakhulu!!

Siza uma ungaphezulu kuka 16 hlala phansi ungaze uwe futhi ukhumbule, uNeil akaze akholelwe ekukalweni kabusha kwezimali, eyingxenye yesibili yesimememzelo sakhe. Akakakholelwa kuko kodwa uyazi ngokuhlonipheka kwabantu abamtshele lezindaba ezimqoka. Ngakhoke, ubone kukuhle ukuziletha kinina.

Uma kukhona ongabaza ukwethembeka kukamnumzane Keenan, ukuphela okufanele akwenze ukubuka izinto asephumelele ukuzenza abesebuka labo abakhuluma kabi ngaye, uyobona ukuthi izinto abazikhulumayo azinasisekelo.

Namunye wabo!

Khumbula uNeil akalindele ukuthi kube lula kuye emva kokuveza lezizindaba, kodwa ulindele wena ukuthi ubheke izinto. Nakuba ungeke wazi okwenzeka umzuzu ngomzuzu, beka amehlo kuloko okusemqoka njengoba izinto ziqhubeka. uNeil lokhu ukubhalele wena.

Labo abathi lokhu akwenzeki abakaze babesolwazini ngakho-ke, bheka umlando wabo, ubese uyazibuza ukuthi yini ebanika ilungelo lokuba nemibuzo ikakhulukazi ku Neil osesebenzele uluntu kangaka eminyakeni. Ngakhoke u Neil uyabubona ubumqoka bokuletha lolu lwazi kunina.

Umbiko osuka ku Neil uya kubantu:

Nazoke! Njengoba ngishilo, umndeni yiwona ophethe yonke lento, wayiletha kimina ngokushesha njengoba beyenzeka ngemuva!

Siyabona ukuthi abanye bayaqhamuka nolwazi lwabo oluphathelene nokwenzekile.

Qagela! Kuyafana nokushiwo ngu Neil, ngakhoke asikujabulele okwenziwe ngu Benjamin Fullford, no Zap bekwenzela uluntu, bebeka izimpilo zabo ebucayini benzela uluntu. Kukhona nabanye, okufanele ukwenze ukubabheka uzobathola.

Labo abamemeza bathi, “Asoze”, ake ubuke imilando yabo ubuke ukuthi sebewenzeleni umhlaba kuze kube yimanje.

Uyothola ukuthi ezingqondweni zabo bakhulu ekugxekeni abantu okuyibo abenze lento ihambe kuze kufike ezingeni lokuthi sithole impendulo.

Siyaxolisa, kodwa izwe alibafuni abantu abakhulumela futhi, abacula iculo lokulalisa. Bheka izinto abazenzayo uyobe usubona ngokushesha ukuthi ngobani abahamba nathi nokuthi ngobani abalwisana nathi.

(empeleni uNeil wenze I video engaphambili, ekhathele ejahe ukuthi niyithole ngokushesha)

Umbiko ka Neil osuka kuDragon Family

“izincwadi zomlando azisho ukuthi impi yesithathu yomhlaba yaphela ngo April 30, 2016”

Ngokuhlwa ngo April 30, 2016 e Washington DC ngaphambi kokuba u President Obama kwakufanele akhulume emhlanganweni i “White House Correspondent’s Dinner” (WHCD) kwabakhona isivumelwano esiyimfihlo esenzeka egumbini elingemuva. Kwakuyisivumelwane esenza u Obama ne Cabal babambeke.

Banikwa isivumelwano okwakungelula ukusinqaba, emva kwezinkulumo eziningi, babona ukuthi akukho abangakwenza ngaphandle kokunikezela basebesisayina isivumelwano njengoba u “President” Dunford ongumbheki wayezomdudulela ecaleni u Obama abese memezela ukushintsha kuka president ne New Republic phambi komhlaba wonke. Abakwazanga ukwenqaba!

I City Bank yabe isicindezelwa ukushintshela ku AIIB/WF/HSBC ibisilungela i Basel 111.

Amasosha abesuswe ekugadeni izikhumulo zokushintsha ze City Bank abuyiselwa phakathi nobusuku njengoba izinamba zo 800#s nama “Rate” aphakeme enziwe abasemthethweni ukuphuma ngo May, 1, 2016.

Lokhu akukholakali, akunjalo? Kodwa lezizindaba zanikwa uNeil yimithombo ethembekile emazingeni aphezulu okuyiyona njengamanje eyenza ushintsho olwenzeka ngokuthula.

Labo abangakuthandi ukuthi abantu base Asia yibona abasisindisayo… Kubi! Yebo bayamthanda u General Dunford! Abaningi benu abakaze benze lutho kodwa babelokhu bekhuluma, ngakhoke uqhamukileke ozonisindisa….. ngezikhathi nisakhulumela futhi.

Okwamangalisa kakhulu ngesikhathi uObama ekhuluma nge White House Dinner ka April 30, 2016, yilapho kwabonakala ongathi usefunda umbhalo omdala angabanga nesikhathi sokuwushintsha ngaphambi kokuba awethule.

U Obama uqala ngokuthi: “Ngiyabusiseka ukuba uWhite House Correspondent’s Dinner yami yokugcina, noma yokugcina…. Ha! Ha! Ha! Uqhubeka uthi “ukuphela kwe Republic akukaze kubukeke ngcono!”

Wow! Utheni? Empeleni uthe: “Ngibala izinsuku ngaphambi kokugwetshwa intambo” ekugcineni, uthe kufanele. “Nginamagama amabili okuvala… uObama uphumile!” Siyethemba kunjalo ngezindaba esizizwile.

Kodwa awume… uqhubeka abeseshesha ebeka iminwe yakhe emibili ezindebeni (indlela eyimfihlo yama Masonic) esinye isandlla sakhe sicosha I Microphone, siyikhuphulele ngaphezu kwekhanda abese eyiwisa ngamabomu.

Lokhu kwakuwumbiko oqavile wokuvala noma ukukhuluma ngezandla usuka ku Obama uya kwanabo emmbuthweni wamadoda (ama Masonic).

Kuyiqiniso ukuthi uObama wayebatshela ngeminwe emibili ukuthi uyokugcina okuyisibopho sakhe esimhlanganisa nemfihlo, kodwa kubani?

Inkulumo ka Obama

https://youtu.be/I-ZPqnbRVy4

A transcription of the Obama speech can be found here at the Washington Post. (Umbhalo wenkulumo ka Obama utholakala lapha ku Washington Post)

Wow! Enye into ukuphuma kuka Obama athi: “Ukuphela kwe Republic akukaze kube ngcono”. Kodwa ngolwazi olusha empeleni kusho ukuthi ukuphela kuka Obama namalungu akhe ase White House ayi Cabal angosomabhizinisi.

Kusemqoka ukubona ukuthi emva kwe WHCD (WHITE HOUSE CORRESPONDENCE DINNER), u Obama akazange aphindele e White House, ngoba umndeni wakhe awusahlali lapho! Awumzwanga ethi “uObama uphumile”….futhi esho ukuthi akasahlali e White House?

Umndeni ka Obama manje usuhlale endlini eyi “apartment” amaviki amaningi, ephakathi e Beltway ukuze abantu bangazi ukuthi akasahlali e White House esaqedela isikhathi sakhe sobu president nokuthi ukuze izingane zakhe ziqede isikole.

U Neil uphinde abonge u Ben ngokuthi izindaba zakhe zokugcina ziyiqiniso.

U Ben uthi: “Ummbutho wase US nama “Agencies” uzoqhubeka uxhaswe ngezimali, njengoba becelwa ukuhlanza i Washington DC, New York ne Chicago okugcwele ukungcola.

Empeleni imithombo ese Pentagon isitshela ukuthi iWhite House ibivaliwe ngo April 26 no 27 njengoba “ummbutho okhethekile oholwa wu(General Joseph) Dunford ungene nge tunnel ukuzophoqa ukusula (resignation)”. Singaqinisekisa ukuthi bekuvaliwe ngalezizinsuku: “ Ngokusemthethweni ngoba bekukhona ojombe uthango”.

Kodwa-ke uPresident Obama kade ebonakala emphakathini emva kwalokho, yikhona singeke sibe neqiniso ukuthi wobani abasuliswa (made to resign).

Okusha okuphuma ku Dragon Family

Ukushintsha kwezilinganiso zemali okuwumlando manje kuyenzeka, ngoba i AFIIB/WF/HSBC babeke u 10:00 pm njengomnqamla juqu ku City Bank ukuthi ihambisane ne Basel 111 noma ithathwe njengehlulekile.

Ushintsho lwezilinganiso zemali luhlelelwe ukuqala emhlabeni wonke luhambisane nezimakethe zama Shayina ngomsombuluko ngo 06:00 am CST(noma ngu 6pm ESTngesonto e US). Izilinganiso zemali zomhlaba zihlelelwe ukushintsha ku forex ngaphandle kokumemezela “nama Sovereign Rates) abonakala ezikhungweni zokushintsha ezingaphandle kwamabhange. Ukushintsha okungasese kuzokwenzeka kuqala, ngakhoke ningazikhathazi ngezinsuku zabo.

Kuhlelwe ukuthi zonke izinto zibonakale sengathi akwenzeke lutho ngaphandle kokudonsela amehlo oshintshweni kuhulumeni, izimali, amabhange, ekugcineni nasekuphathweni kwe Republic. Izincwadi zomlando azithi impi yesithathu yomhlaba yaphela ngo April 30, 2016. Nakuba lempi yayingabonwa ngamehlo, wawungalizwa iphunga layo liza?

Ama 800#, emabhange ase US alindeleke ngo May 1, 2016 ngesonto emva kokuhlwa olwandle olusempumalanga yeMelika. Ukushintsha kweqembu langasese le internet kwaziwa njenge T4 lilindeleke ukuqala emva kwaphakathi kobusuku ngoMsombuluko ebese izimali ziba khona emva kuka 8:45 am EST.

Fanele kukhunjulwe ukuthi lesi yisehlakalo esingakaze senzeke emlandweni, ngakhoke akukho esingabukela kukhona nakuba izindlela eziningi seziputshukile ngaphambi kwesikhathi.

Amalungiselelo asemthethweni okugcina baphezukwawo njengamanje njengoba izinto zomhlaba nezezibalo phakathi kwamazwe omhlaba sekuyaxazululeka, lindela ukuthi ngizokwaziswa ukuthi izinto zihamba kanjani ngoMsombuluko ka May 2, 2016.

Izigebengu zakahulumeni nezihamba ngazodwa zizama ukuheha abanama “Historical Bond” babaheha ngemali engeke bakwazi ukuyisebenzisa noma bayikhiphe ebhange ngisho I senti layo.

Isizathu ngukuthi labantu amaBond abawaqoqayo ngeke avumeleke ezikhungweni zokushintsha, ngakhoke okuningi kwalokhukudayiselana kuzohambisana nesivumelwano sokuthi abathengi banelungelo lokubuyisela emuva lama Bond kubadayisi.

I China isimemezele ngokusemthethweni ukuthi ama Historical Bonds asezokhokhelwa. Lokhu sekuphumile ezindabeni zase China. Lezizimemezelo eziphume ezindabeni zase China namuhla nayizolo ebusuku ziqiniseka ngokuvulelekile ukuthi izinto ziyaqhubeka.

Kuneminye imithombo esitshela ngethemba elikhulu ukuthi izivumelwano zomhlaba sekuseduze ziqedwe ukwenziwa nokuthi imicimbi esemthethweni ilindeleke ukwenzeka ezinsukwini eziseduze ezizayo.

Empeleni imali isikhululekile njengamanje! Ama “transactions” athi akabe ngu 25000 aseyitholile imvume futhi abhaliswa futhi nabanye abathengi be US Treasurery. Uma umuntu engenasineke kulento, ulahlekile.

Wonke umuntu ufanele uma amabhokisi akhe noma amaBond azophindiswa emuva ebhalisiwe.

Imigqa ayikakavulwa ngokugcwele njengamanje, njengoba kusashintsha abakucala, kuzolandela wonke umuntu.

Kwenzelwa ukushintsha, i dinar iqale izolo ebusuku ukusekelwa yigolide. U Madame Wu usesayinile nabamele ama Fed e Atlanta, lokhu kuvulele i Tier 5. Ne Zim dollar nayo isisekelwe yigolide. I Zim dollar ilingana no .118 US dollar, lokhu kumenyezelwe e Europe.

Kulabo abathanda ukuzwa babewu 4 oMadame Wu abawumkokotelo eminyakeni emmbalwa edlule, futhi babewu 5 o Spriritual White Boys (Bonke bebekwe yi CIA). Oyedwa walaba o Madame Wu owumkokotelo wacishe wafa edlalela ku Hulumeni

wase China. Ama China nama Asian bazozibambela futhi abanendaba nabantukazana abazama ukuba nezwi. Bangazihlalela ecaleni badonse izihlathi uma befisa…kusengathi ukusindisa abantu akwanele ngokwabo.

Kwabafikayo ukuze bazi- uNeil uthola ulwazi lwakhe emithombweni yezombutho wezempi, izithunywa ezihlukene, kubantu emigwaqeni, emakhandeni emindeni nasemindenini uqobo, njengomndeni wase Italy neminye; bonke bangabantu abalungile. Buza u Michael Dunn, njengoba ezwa izingxoxo phakathi kuka Neil namakhanda emibuso abaningi abagcina ukufunda ngayo.

Ngakhoke ngesikhathi esizayo uma ungabaza ngo Neil, okokuqala azi ukuthi wazi kancane ngama Dinar nama Zimbabwe Dollar.

Imibuzo yakho ngezinkulumo ezenziwe yilabo abenze izivumelwano no Obama, City Group, nabanye ikhombisa ukungazi! Ngesikhathi benza okufanele kwenziwe ukuze kukhuseleke ukuphepha kwethu,wena ngakwelinye icala awunawo amaqiniso noma abantu abanamaqiniso abangeza kofakaza.

Nawe kufanele ukuba unokuningi okudinga ukuqedelwa okuphathelene nabantu benu abaningi. Qhubeka nomsebenzi wakho ungakhathazeki ngokwenziwa uNeil neqembu lakhe. U Nkulunkulu abususe abantu abahle abaningi nokubekezela noxhaso lwabo; basezindaweni zonke.

Futhi, ukushintsha kwezimali okuwumlando okwenzekayo, ngoba iAIB/WF/HSBC babeke u 10 pm njengomqamlajuqu ku City Bank ukuba isebenzisane ne Basel 111 noma kube ihlulekile. Lokhu kusayinwe kulelikamelo elingemuva ngo 8:59:59 pm ngo May 1, 2016 okuhlanganise konke ukuthi kuhambisane.

Ummbiko ka Neil Keenan ku Dragon Family

Ngagcina ukunibonga kahle ngiyakholwa, kwakungesikhathi sika 250 000 ton we golide eSouth Korea. Ngiqinisile?

Empeleni, kuningi kakhulu okunjalo njengamanje eSouth Korea uPresident Park akubeka etafuleni. Ngiyakholwa kungcono nibheke kulelo Golide, ngoba baxoxa ngokuqedela leso sivumelwano noma yinini manje. Isivumelwano sakuqala salapho kuphuma khona leligolide siseChina futhi ngese Dragon Family.

Abakwenzayo manje ukuzama ukwenza kabusha leligolide elantshontshwa eChina ngokulincibilikisa bashintshe ukubukeka kwalo futhi bashintshe namaphepha alo ngomkokotelo (bashintsha ama SKR amadala benza amasha ngaphandle kokusho abanini abadala). Abangazange bakucabange yi DNA okuyiyona ezobabambisa.

Sikhuluma ngamatani amaningi kakhulu! Bonke abantu bacabanga ukuthi bayazi ukuthi lingakanani igolide emhlabeni kodwa empeleni abazi lutho. Sengike ngabona ama ground ebhola amabili, okungaphezulu kokungake ukuphuphe! Kodwa wuzwa abahlale bephika bekhuluma bodwa, “Ayikho leyonto” .

Abaningi balaba abakhulumayo cishe abakaze baphume kuma “home state” abo ukuze babone izinto, kodwa bachela amanga ayisihluku namahemuhemu ku internet sengathi bawongoti kulezizinto.

E South Korea yilapho igolide lempi yesibili yomhlaba likhona. Sikhuluma ngo 3 million metric ton yegolide! Liningi elinye, kodwa leli yilona elihlelelwa ngu president Park nezinhlangano eziningi zomhlaba zisuka emhlabeni wonke.

Uhlelo lwakhe ukuxhasa amaGlobal Organisations ukuze kusindiswe noma yini engasindiswa yezinsalela zama Globalist. Khumbula i South Korea iyi Global Nation.

Kuzosiza iChina ne Dragon Family ukukusebenza lokhu ngokushesha ukuqondisa lokhu no president Park owabanjwa oqotsheni ngokudlule futhi osephinda wenza into efanayo. Kuwukuhlakanipha ukuthatha ucingo ngokushesha nimfonele, nimxwayise, nibeke ama sitelite endaweni, nibeke izikebhe emanzini, ningavumeli i UN, World Bank, IMF nabanye kubandakanya ne Federal reserve ukuthi bangene bathathe okungokwenu.

Uma nidinga usizo yini ningafoneli u M2 futhi, ngiqinisekile, kuyolungiswa! Njengamanje uM2 usalulama engozini asanda kuba nayo kodwa empeleni ufuna ukuyo Scuba diver umcebo wama Pirate. Ngeke ugcine uM2 ephansi!

Kungenzeka uM2 anisize futhi ulindeleke ukubuya noma nini manje. Lo ngumuntu oyisimangaliso ukuma eduze kuka Neil amsize kulesisikhathi esibucayi.

Izindaba zilokhu zingenile, futhi iqembu K lami liyakuthanda lokhu! Kusenza siqhubekele phambili ukuthola izindaba ezinje kumuntu oseduze nesihlalo esiphezulu. Njengoba ngishilo: “ U M2 unamandla ayisimangaliso”.

Ngingase ngihlale e China eduze kwezindlu zakho noma e Jakarta ngoba nabo bakhona kulokhu neSingapore, Borneo, Malasia, ne South Korea. Nizobona ngokushesha lapho ngizohlala khona neqembu lami, kodwa kuyoba yilapho izinto zenzeka khona. ….Qiniseka ngalokho! Ngiyabonga niphile nonke…

Neil Keenan neqembu lakhe

Njengoba esho yena uphumile-kodwa akajabulile

Bona nalapha: **Executive Order – Facilitation of a Presidential Transition**

https://youtu.be/m1RC_byr_bc

Copyright © 2016, GROUP K, Ltd.

GROUP K LTD, PANAMA CITY
AUDACIBUS ANNUE COEPTIS

LOCATIONS: AUSTRALASIA, BULGARIA, DOMINICAN REPUBLIC, GERMANY, INDONESIA, JAPAN, PERU
SINGAPORE, SWITZERLAND, THAILAND.